**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA U-OPERATION HLASELA KUMASIPALA WASEMPOFANA MHLAKA 07 OCTOBER 2010.**

Mphathi woHlelo;
Mhlonishwa Ndunankulu uKhabazela;
Uzakwethu wezoLimo, ezeMvelo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uNkk Lydia Johnson;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Amalungu eSishayamthetho;
IMeya ehloniphekile;
Amakhansela;
IziNhloko zemiNyango;
Amalungu omphakathi ongabalimi;
Abamele izinhlaka zomphakathi ngokwehlukana kwazo;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Abezindaba;
Bafowethu nodadewethu;
Ngiyanibingelela nonke.

Mangithathe leli thuba nginamukele ngibonge kinina nonke enikwazile ukuba yingxenye yalo mhlangano esiwuthatha njengobaluleke kakhulu. Ukuba khona kwenu lapha kutshengisa intshisekelo eninayo yokwenza indawo yenu ibe ngephephile nenempumelelo. Namhlanje usuku esithi sifuna ngalo ukucobelelana ngemibono, sixoxe ukuze siqhamuke nezisombululo ezizosiza wonke umuntu wale ndawo.

Kulo Hulumeni wamanje ukulwa nobugebengu kubekwe eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi esezingeni elifanele. Ngokuhambisana nalokhu, sesizama ukuqhamuka nendlela entsha yokulwa nobugebengu lapho sididiyela umkhakha wokunqanda ubugebengu, ukwenza ngcono izimo zenhlalo-mnotho nokuqinisa ubumbano lwezakhamizi.

Muningi-ke umsebenzi osuwenziwe ukuzama ukuqonda izinto ezahlukene eziholela ezingeni lobugebengu esibubonayo eNingizimu Afrika namhlanje. Kodwa kulokho esesikwazi mayelana nezinselelo zobugebengu ezibhekene neKwaZulu-Natal, uHulumeni walesi fundazwe uhola umbimbi lokulwa nobugebengu esithi ‘Build A United Front Against Crime’.

Lo mkhankaso wethulwa eThekwini ngomhlaka 21 January 2010 wethulwa nguNdunankulu lona njengoba manje uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi usulusabalalisa ezifundeni zonke. Lapha sinxusa ukuthi zonke izinhlaka zomphakathi zihlanganyele ndawonye embhidlangweni oqhubekayo wokunciphisa izinga lobugebengu esifundazweni obizwa ngo‘Operation Hlasela’.

Sithi njengoHulumeni, abaholi bomphakathi ezinhlakeni ezahlukene nanjengamalungu omphakathi, kumele sithathe indawo yethu, sisebenzisane ndawonye ekutholeni izixazululo ezinkingeni zokuphepha esinazo neziphazamisa inhlalakahle yabantu bakithi.

Sithi manje kumele sisuke ekubukeni ubugebengu njengento yokuthi silokhu sikhala kodwa sibe singenzi lutho. Kunalokho kumele senze okuthile ngokuhlanganyela, nangendlela enobuchule futhi eqonde ngqo kulokho esikufunayo.

**Izigameko zakamuva zobugebengu eMooi River**

Ngemuva kokuzwa ngokubulawa ngesihluku kwabantu abathathu eSherwood Farm eRosetta, ngoLwesithathu, mhlaka 21 July 2010, ngihambele epulazini ukuyozwelana ngikhalisane nemindeni yalabo abashonile kanye nomphakathi. Abashonile kube ngo: Lorraine Karg, unkosikazi womlimi obeneminyaka engu-58 ubudala, uZachues Mhlongo obengumsebenzi wasepulazini oneminyaka engu-66 ubudala bobabili abagwazwa basikwa uqhoqhoqho, kanye noHilda Linyane, umsebenzi wasendlini oneminyaka engu-34 owadutshulwa amahlandla ambalwa ekhishini lomqashi wakhe. Sikholwa ngukuthi izigilamkhuba zazihlose ukubamba inkunzi kodwa kwangahamba kahle.

Kodwa ngenxa yokuxinwa isikhathi, angikwazanga ukuhambela umndeni womsebenzi oshonile. Kunalokho, ngiyalele uMnyango ukuba usize lo mndeni ngokuthutha isidumbu sikaNkk Linyane siyiswe eZimbabwe nokuqinisekisa ukuthi umndeni uthola izimvume ezifanele zokuwela umngcele. Sibe sesixhumana neminyango kaHulumeni ethintekayo wase usuzwa umndeni.

Kukholelwa ekutheni izigebengu zididise umlimi ngokubasa umlilo otshanini ukuze abalimi kanye nezisebenzi zasepulazini bashiye abebekwenza baphuthume umlilo. Ngesikhathi unkosikazi womlimi ezama ukuyovula lapho kuhlala isicimamlilo, kube sekuvumbuka izigebengu phakathi endlini zabagwaza zabanquma uqhoqhoqho.

Kutholakele-ke ukuthi abaphangi laba abakwazanga ukubaleka nesisefo semali abebezama ukuyintshontsha. Osindile kulesigameko, insizwa esencane, isitshele ukuthi abaphangi bayishayile base beyivalela endlini yangasese. Kodwa sifuna ukubonga amaphoyisa akithi aphendule ngokushesha akwazi ukubopha abasolwa. Siwathulela isigqoko kuleyo ndawo.

**U-Operation Hlasela eMgungundlovu**

Ngenxa yalokhu nezinye izigameko zobugebengu endaweni yesiFunda saseMgungundlovu, ikakhulukazi emapulazini, uNdunankulu, uNgqongqoshe wezoLimo, ezeMvelo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya kanye nami, siqoke lolu suku ukuba sethule u-Operation Hlasela esifundeni saseMgungundlovu. Lokhu kusho ukuqala kohlelo oluzohlanganisa umphakathi wabalimi ukulwa nobugebengu endaweni.

Siyazi ukuthi Umgungundlovu District unazo zonke izinhlobo zobugebengu ngenxa yokuxuba izindawo ezingefani. Kodwa esikubonayo manje ngukuthi ngaphandle kokubulawa kwabalimi, ukwebiwa kwemfuyo esifundeni sekuyinto ekhathaza kakhulu. Ukwebiwa kwemfuyo kufana nokubanjwa kwemoto yemali. Kulahlekisela abantu abampofu ngomnotho nefa abachitha isikhathi esiningi bekwakha ukuze baphile.

Umehluko wukuthi amabhizinisi wona azivikela ngemishwalense ezigamekweni ezinjena, kodwa umuntu ompofu yena isehlo esinjena siyicekela phansi yonke impilo yakhe. Ngokwethu sibona sengathi lolu hlobo lobugebengu kufanele lukhushulwe lubekwe ezingeni elifanayo nalelo lobugebengu obubekwe eqhulwini, namaphoyisa kumele engeze amandla nezinsizakusebenza zokulwa nokwebiwa kwemfuyo.

Kuyinhloso yethu njengoMnyango ukubhekana nalezo zigameko zokwebiwa kwemfuyo ngenhloso yokubuyisa ithemba labantu emaphoyiseni kanye nokwenza ngcono ubudlelwano phakathi kwabanikazi, abasebenzi kanye nabahlali basemapulazini.

**Okungukhiye wezinto esizihlosile:**

- Ukugqugquzela ukulwa nobugebengu nokuletha ukuthula nozinzo endaweni;
- Ukunqanda nokuhlonza ubugebengu obuqhamukayo;
- Ukuqinisa ukusebenzisana phakathi kwemiNyango kaHulumeni endaweni ukuze kube nentuthuko yomphakathi.

Mangiphethe ngokusho ukuthi kuyasijabulisa ukuthi eminye yemiphumela ebhekwe kulo mhlangano wanamhlanje kuzoba:

- Ukusebenza kuka‘Operation Hlasela’ endaweni yaseMooi River;
- Ukuqapha ukuqhubeka kophenyo lwamaphoyisa jikelele kanye nolwamathimba ayisipesheli;
- Ukugqugquzela ubudlelwano phakathi kwamaphoyisa kanye nemiphakathi yasemapulazini;
- Ukuqinisa ukusebenzisana phakathi kweminyango ye-JCPS Cluster endaweni;
- Ukubiza umhlangano wokulwa nobugebengu;
- Ukusungula i-Farming Safety Forum ezobhekela ukuthula nozinzo endaweni;
- Ukulekelela ama-Community Police Forum ahlale ecije ngolwazi

Okokugcina, sengisho kaningi nalapho lapho sesiluqalise khona lolu hlelo ukuthi into uSathane uyazisebenzisa izandla ezingenzi lutho. Ngakho-ke, ngaphezu kwakho konke lokhu esikusho namhlanje, ngicela nikhumbule ukuthi lolu hlelo ngolwabantu. Luzophumelela kuphela uma nizibophezela. Thina sesibheke ukuzwa ngani ukuthi yiliphi iqhaza enizolibamba ekuletheni ukuthula noxolo kule ndawo.

**Ngiyabonga**